**ANOINTED IN LIVING CHRIST**
ABAGQOTSHWA KU-KRESTU OPHILAYO
REG NO: NRIC 20100816/1031/10
ARCH BISHOP: E.Z MNISI

**IGAMA LEBANDLA**

Anointed in Living Christ (AILC)

**INJONGO YEBANDLA**

- Ukukhonza uJehova ngokukhululeka
- Ukushumayela ivangeli kuzo zonke izindawo kanye nokukhuthaza inkolo yobukrestu
- Ukusebenza ngokuhlanganyela namanye amabandla ekushumayeleni ivangeli
- Ukuvuselela isimilo kubantu
- Ukulwa nobuphunya nendlala
- Ukukhuthaza ibandla ezifundweni zebhayibheli kanye nezokuthuthukisa izimpilo zabantu
- Ukuhambela ezibhedlela, emajele, izintandane, abakhubazekile kanye nabakhulile.

**IZINKONZO EBANDLENI**

- Inkonzo yomshado
- Inkonzo yomncwabo
- Inkonzo yesidlo senkosi
- Inkonzo yokubusisa abantwana
- Inkonzo yokubuyisa umzalwane ngemva yokushonelwa
- Inkonzo ye-conference (yomama, yentsha kanye nebbandla lonke)
- Inkonzo ye-Synod

**IZAMBATHO ZEBANDLA**

**ABESILISA**

- Ihembe eli Olive green
- Ibhuluko elimhlophe
- Ijazi ne bhande (white/green)
- Ijazi lesiphika ( Obaba)

**ABESIFAZANE**

- Ihembe eli Olive green
- Idress elide/ isiketi ne bhande (white/green)
- Ijazi lesiphika (Omama)
- Iduku (white/green)

**ZIGQOKWA NINI LEZAMBATHO**

**EZILUHLAZA- GREEN**

- Njalo ngamasonto
- Imisebenzi lapho simenywe khona
- Imisebenxi yemingwabo ngaphandle kwamalunga ebandla
- Inkonzo yangomgqibelo ngo GoodFriday

**EZIMHLOPHE -WHITE**

- Inkonzo yangolwesiHlanu ngo GoodFriday
- Inkonzo yomshado
- Inkonzo yomncwabo welunga
- Inkonzo yokubusisa abantwana kanye ne first Sunday

**IZIFO EBANDLENI**

**LAPHO SIBOPHELEKE KHONA SIYIBANDLA UMA KUVELE ISIFO**

- Ilunga lebandla
- Inkosikazi/Umyeni
- Baba/Mama
- Sisi/ Bhut
- Umtwana
- Ophila ngaphansi kwakhe (Guardian)

**IMALI YEZIFO – This applies only to Gauteng Region**

| | |
|---|---|
| • Ilunga lebandla | Collected amount up to **R10 000** |
| • Inkosikazi/Umyeni | **R2000** |
| • Baba/Mama | **R2000** |
| • Sisi/ Bhut | - |
| • Umtwana | **R2000** |
| • Ophila ngaphansi kwakhe (Guardian) | - |

Contributions:

R100 member

R50 ezinye izifo uma isikwama sesingenamali noma incane

**UKUZIPHATHA KWAMALUNGA EBANDLENI**

- Amalunga ebandla kufanele alandele, ayihloniphe futhi enze inchubo mgomo yebandla
- Akekho ovumeleke ukuhlukumeza ngokwebala, ngokweluhlanga noma enye indlela ehlukumezayo
- Akekho ovumeleke ukusebenzisa amandla/isikhundla ukucindezela amanye amalunga ebandla ukufeza/ukunelisa izidingo zakhe
- Amalunga kumele aziphathe ngendlela ebonakalisa inhlonipho futhi eletha isithunzi (dignity)
- Akekho ovumeleke ukwenza izinto ezingahambisani nebandla ukunelisa izidingo zakhe

**UBULUNGA EBANDLENI**

- Onke amalunga ebandla aphoxelelekile emthethweni, enchubeni nasenjongweni yebandla
- Uma umzalwane angahambisi ngenqubomgomo webandla, uzawuncunywa ebandleni
- **Uma ilunga lihluleka ukuza ebandleni izinyanga ezintathu ngaphandle kwesizathu esicinile, lamukelwa kabusha ebandleni .**

